



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2016

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokubhala indaba. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nendaba.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansela ngokudweba umugqa ovundile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80.
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)
8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

- Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.
- **QAPHELA:** Indaba kuphela edinga uhlaka.

1.1 Ukusa Kwabonwa Yimi Ngalelo Langa. [50]

1.2 Kuba Mnyama Kakhulu Uma Sekuzokusa. [50]

1.3 Izikole Okufunda Kuzo Izingane Ezinobulili Obufanayo Zinobuhle Kanye Nobubi Bazo. [50]

1.4 Isithunzi Somuntu Omnyama Sesibuyile Kuleli. [50]

1.5 UHulumeni Wenza Kahle Uma Eqasha Ngokubonelela Abantu Ababencishwe Amathuba Phambilini.

Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono. [50]

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.motivational.wellbeing.com]

[50]

NOMA

1.6.2



[Sithathwe ku-inthanethi]

[50]

NOMA

1.6.3



[Sithathwe ku-inthanethi]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

- Khetha izihloko EZIMBILI kulezi ezilandelayo.
- Bhala ngesihloko osikhethile kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 esihlokweni ngasinye.
- Qaphela lokhu okulandelayo:
 - Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
 - Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zokusetshenziswa kolimi.
 - Isakhiwo sombhalo.
- Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile.
- Isib. 2.3 I-athikili Lephephabhuku.

2.1 INCWADI YOBUNGANE

Umngane wakho omkhulu ubenenhlanhla yokukhethwa abe yingxenye yabafundi abayokhuluma noMengameli wezwe ePhalamende ngezindaba ezithinta amalungelo abafundi.

Bhala incwadi yokumhalalisela ngaleli thuba eliyinqayizivele alitholile uphinde umhlomise ngamaphuzu abalulekile ayowethula.

[25]**2.2 UMBIKO ONGABEKELWE MIGOMO**

UnguNobhala woMkhandlu wabafundi. Beninomqhudelwano kanobuhle wesikole senu ukuze nakhe isikhwama somkhandlu omele abafundi.

Bhala umbiko ongabekelwe mgomo oya kuthishanhloko uchaze ngokwenzekile kulo mqhudelwano nanokuthi nikwazile yini ukufeza izinhloso zenu njengomkhandlu.

[25]**2.3 I-ATHIKILI LEPHEPHABHUKU**

Uthisha othile wesikole sakho udle umhlanganiso emncintiswaneni kathisha ovelele obuhlelwe isigungu soMkhandlu wesikole.

Bhala i-athikili lephephabhuku lesikole mayelana nalo thisha.

[25]**2.4 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Ungqongqoshe Wezokuthuthukiswa komphakathi ubize umhlangano obanjelwe ehholo lomphakathi. Kudingidwa izinhlelo ezizosiza intsha engasebenzi eqede ibanga le-12.

NjengoNobhala wentsha, bhala i-ajenda namaminithi alo mhlango.

[25]

2.5 I-INTHAVYU EBHALWAYO

Kusanda kuqokwa uthishanhloko omusha esikoleni ofunda kuso. USihlalo wesigungu sabazali ube esembuza ngezinhlelo anazo zokunxenxa abafundi ukuba bathande ukuzofunda kulesi sikole.

Bhala i-inthavyu.

[25]

2.6 INCWADI YOBUNGANE

Bekunendumezulu yomshado kadadewenu ngenyanga edlule.

Bhala incwadi umbongele uphinde umfisele izilokotho ezinhle ngaleli banga asengene kulo.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100